

IMIPHAKATHI YASEMAPHANDLENI IBEKA IZWI LAYO NGENTUKUTHELO YO:
KUPHUCWA IMIHLABA EHLONGOZWA AMASU EBIOFUEL

Emva komhlangano obeseThekwini ngomhlaka 5 March 2007 obuhanjelwe abantu abangamashumi ayisthupha, mayelana nepulani elihlongozwa uHulumeni wase South Africa lamacebo okutshalwa kezihlahla zeBiofuel. Kwaba nezingxoxo ezinde mayelana naloku. Laba abasayine lapha abamele izinhlangano ezihlekene zamaNGO, izinhlangano zabalimi kane nemiphakathi ethintekayo kuloludaba ezifundeni zakwa Zulu-Natali, Mpumalanga-Koloni kanye nase Mpumalanga beveza ukumangala okukhulu kanye novalo ngalamasu.

Sikholelwa ekutheni kokubili loku okuhanganisa umphakathi kanye nokwaziswa kwawo ngamasu eBiofuel kuyisisekelo samanga uqobo. Njengomphakathi wasemaphandleni kanye nezinhlangano ezithintekile kuloku sishaqekile ngoba asikaze sixoxe noma sibenisane noma-ke saziswe ngendlela eqotho ngalamasu ahlangoziwe. Okwenza ukuba loludaba lungezwakali kahle ukuthi kulindeleke ukuba lokwakhiwa kwaleBiofuel exhasiwe kuzothathwa noma kuphucwe abantu umhlaba omkhulu wabantu, izindawo zikaMasipala kanye nalezozindawo zamaKhosi ezabe zinguMaziphathe. Ngesikhathi I DME ithule ngokuthi kuthuthukiswe leiofuel ukuze ihlangabezane nezidingo zomphakathi mayelana namandla kagesi, sekutholakala ukuthi sekunesivumelwano sokuthengiselana ngenani elikhulu lwalko okuzotshalwa okuzohwebelana ngalo ne EU. Okwamanje into eyenzekayo ukuthi imiphakathi yasemakhaya enamapulazi icindezelwa ukuba isayinele ukunikezela ngemihlaba yayo ngenani elincane kakhulu ukuze kwenziwe loluhwebo lokulinywa kwamasimu eCanola, ummbila kanye nesoya.

Siyakubona nje ukutyhi kuthiwe lamasu ahlose ukuba kube nokuthuthukiswa kwe South Africa ukuze kuvuleke amathuba emisebenzi, nokuthi kuvikeleke imvelo ekonakalieni, kodwa sizwa kukuncane kakhulu ukuthi kucaciswe ukuthi loku kuzokwenzeka kanjani. Okunaloko sithola ukuthi lamasu okuvelwa nawo axakeke ngomnotho wezwe ozokwazi ukulungiselela izinkampani ezinkulu ukuze zibe nesandla ekwakhiweni kwaleBiofuel. Asizwa ukuthi abampofu bona bazosizakala kanjani, nokuthi lokukutshalwa kungaba nomthelela ongakanani ezindaweni okuzolinywa kuwona.

Simemelela uHulumeni ukuba lamasu eBiofuel aqalwe phansi, aphinde futhi azise nomphakathi ikakhulukazi lowo ozohlukumezeka ukuze kuqinisekise ukuthi ukuthuthukiswa kwezidingo naloko okudingwa kakhulu imiphakathi entulayo.

Izinhloso zethu njengomphakathi ngalamasu eBiofuel zithi:

- Izinhlelo zokulungisa ubuphofu mayelana namandla kagesi kanye nokuthuthukisa izindawo zasemakhaya kubanjisenwe nemiphakathi yasemakhaya ikakhulukazi abesifazane
- Ukusebenzisa izinhlelo ezididiyelwe namasu okuthuthukisa amandla kagesi okuzohlanganisa "true green Biofuel" nokunye

- Ukuzinikela ngokungelinganiswe ekuthuthukiseni izinhlelo zezokuthutha zomphakathi ngenhloso yokunciphisa ukuthembela kofosili (fossil) nokokubasa umlilo okusaketshezi (liquid fuels)
- Ukuhlangabezana nesimo sezomnotho esozovumelana nokuhlukaniswa kobunini nokutshala izihlahla zeBiofuel okuncike ekusetshenzisweni komquba emikhiqizweni yezolimo ukuqinisekisa amandla adingekayo okuba khona kokudla
- Ukuqinisekisa ukuthi izinsiza zezomnotho ziqondiswa ngqo ekwakheni izinhlangano zokubambisana ezincane (co-operatives) ze-biofuel okuzocacisa kangcono uma lezizinhlelo ziza emphakathini, nokuthi umphakathi udlale ingxenye enkulu kukokonke.
- Loku kumele kuhlangukane namasu okwenza ngcono izingqala-sizinda, ukuqeqeshwa, usizo lobuchwepheshe, ukuthengisa kanye nokufinyelela kweimiphakathi yasemakhaya ezimakethe zeBiofuel

Ngakho-ke sinxusa ukuthi uhulumeni makamise ngokushesha izinhlelo ezinkulu ze "bio fuels" eziqhubekayo, kumiswe nokuthathwa komhlaba ngogombela kwesabo.